



Isolezwe livela umfula ugcwele

TERTIARY Ψ π TIMES

Kuhlonishwe ugalagala lukathisha womculo ngesiFundo

IMPILO nemisebenzi kaSolwazi Khabi Vivian Mngoma ongasekho, owayewugalagala lomculo futhi efundisa e-University of Zululand, kusanda kukhunjulwa ngesifundo e-King Bhekuzulu Hall.

Lo mcimbi uqondane nosuku lokuzalwa kwakhe uSolwazi Mngoma, owazalwa mhla ka-18 Novemba ngo-1922. Sekuphele iminyaka ewu-20 kwedlula le ngwazi kwezomculo, eyadlula mhla ka-21 Disemba ngo-1999.

Nakuba sekuphele iminyaka engamashumi amabili adlula emhlabeni uSolwazi Mngoma kodwa usahlonishwa kakhulu ngamagalelo akhe ekuthuthukiseni umculo waseNingizimu Afrika. Wasungula, walawula izinhlelo zomculo eziningi efundisa, ecula futhi eculisa. Wayebuswa wukuthi umculo wasekhaya kufanele ube nezimpawu zase-Afrika nezeseNtshonalanga, ayeqinisekisa ukuthi kuhlale kukhona emculweni awufundisayo.

Kube yintokozo e-UNIZULU ukuhlela lesi siFundo njengoba le ngwazi yagcina iyiNhlolo yezoMculo kule nyuvesi. Ngenkathi isekulesi sikhungo, yasungula umNyango wezoMculo ngo-1975. Yaqhubeka nokudlondlobala endimeni yomculo, yasungula iKhongisa Youth Centre for the Performing Arts ngo-1976 ne-Ford Choirs in Contest (osekuyi-Old Mutual National Choir Festival manje) ngo-1977. Ngaphambi kwalokho, yayisungule i-Ionian Youth Orchestra ngo-1969.

Isifundo sethulwe wuSolwazi Nyameko Barney Pityana, ungoti wezenkolo, ummeli nesishosho, kwase kwenanela uSolwazi Zoliswa Twani, umQondisi we-Miriam Makeba Centre of Performing Arts yase-University of Fort Hare.

Isihloko sesifundo sikaSolwazi Pityana besithi "Khabi V Mngoma: Community Builder. The Role of Music in Intellectual Development and Social Cohesion".

Uthe umculo wawuneqhaza elikhulu emphakathini wabantu abamnyama.

"Umculo wawungenziwa esontweni kuphela. Futhi kwakungaculwa emicimbini enjengemincintiswano yamakhwaya kuphela kepha wawuyindlela yokuzibumba nokuzihlela kabusha kwemiphakathi. Kwakuyindlela imiphakathi eyayizwakalisa ukwenama nokulila ngayo. Kwenye inkathi umculo wawuhlanganisa abantu uma kujatshulwa emidlalweni yebhola lombhoxo, kubongelwa amaqembu. Naloko kwakuhlanganisa abantu, babe munye," kusho uSolwazi Pityana.

Umsebenzi kaSolwazi namakhwaya aseSoweto, eGoli, kufakazela umbono kaPityana. Le ngwazi yayilangazelela ukuphucula amaphimbo abaculi bamakhwaya asemalokishini. Lokhu kwaholela ekusungulweni kwamakhwaya namafestivele kuleli lokishi ngaleyo nkathi.

Into eyayimbusa, ngokukaPityana, kwakuwukhuthaza ukucula ngokuzwana, abaculi baqonde ukuthi bacula ndawonye. Wayefundisa ukuthi ngomculo, umuntu kufanele azilalele yena, alalele acula nabo bese ecabanga ukuthi kuzwakala kanjani ezindlebeni zabalalele. Lokhu wayekufanisa nokuthi kuhle ukuma wedwa kepha futhi ukhumbule ukuthi uphila emphakathini.

Enanela, uSolwazi Twani uvumelene noSolwazi Pityana, wathi uSolwazi Mngoma angachazwa njengomholi owayeqikelela uma kubhekwa indlela afaka waphinde, wathuthukisa ngayo umculo njengesifundo emanyuvesi abantu abamnyama.

Ecaphuna incazelo kaDkt Reuel Khoza, uthe umholi oqikelelayo unaka ukuxhumana nomphakathi. Unozwelo, uqotho, uthobekile, uneqiniso futhi ukwazi ukubona ukusebenza okuncike olwazini. Zonke lezi zinto, uSolwazi Mngoma wayenazo.



USolwazi Siphoo Seepe, iSekela lePhini likaShansela lezokweSeka isiKhungo, ubongwe izikhulumi eziqavile, kwathi uSolwazi Xoliswa Mtose, iphini likaShansela lase-UNIZULU, wazibonga izikhulumi eSifundweni sesiKhumbuzo sikaSolwazi Mngoma.



Ungoti wezenkolo, ummeli nesishosho uSolwazi Nyameko Barney Pityana okhulume esiFundweni sesiKhumbuzo ngoSolwazi Khabi Mngoma, kwathi umQondisi we-Miriam Makeba Centre of Performing Arts e-University of Fort Hare uSolwazi Zoliswa Twani wenanela.

UKUGQUGQUZELEKA
KABUSHA

UKUHLUMELA
KABUSHA


UKUVUSELELEKA
KABUSHA

UKUZIGQAJA
NGOBU UNIZULU



Joyina ikhasi lethu kuFacebook
uphinde usilandele kuTwitter

www.unizulu.ac.za



UNIZULU



UNIVERSITY OF ZULULAND
INYUVESI YAKWAZULU

Kuhlelwe kabusha
ukuhambisana nesimanje



Iiwela umfula ugcwelwe
Isolezwe

TERTIARY Ψ π TIMES


NGO-2020 kuzoqopheka umlando e-University of Zululand (i-UNIZULU) njengoba izobe igubha iminyaka ewu-60 yasungulwa.

Le nyuvesi yasungulwa ngo-1960 iyikolishi elincike e-University of South Africa. Yaqala ibhalisa izitshudeni eziwu-41 ngo-1960 kanti manje isibhalisa izitshudeni ezicela ku-17 000 minyaka yonke. Lesi sikhungo siziqhayisa ngokukhiqiza abantu abanengi asebeyizinto ezinkulu emikhakheni yabo. Phakathi kwabafundi bethu bakudala singabala iNhlolo yamaJaji uMogoeng Mogoeng, iPhini leNhlolo yamaJaji neliwuShansela wase-UNIZULU u-Raymond Zondo nalowo oke waba wuNgqongqoshe wezaMandla u-Jeff Radebe nezinye izikhulu.

Kule minyaka ewu-60 edlule, inyuvesi isike yaphathwa ngabantu abayisithupha, okubalwa kubo nabesifazane. Isike yaba noshansela abahlanu.

Umgubho weminyaka ewu-60 uhlelelwe ukuthi ube yisikhathi sokubuyekeza izinto nokuhlela kabusha imikhakha yezifundo. USolwazi Mncedisi Maphalala, i-Dean yomKhakha wezeMfundo newumfundi wakudala wase-UNIZULU, ithe lo mgubho uyithuba lokuthi inyuvesi igubhe kodwa futhi icabange ngale minyaka ewu-60 edlule, "Leli yithuba lokuthi inyuvesi ihlahle indlela yokuthi

Iminyaka ewu-60 yemfundo eseqophelweni eliphezulu



Uphiko lwaKwaDlangezwa lwase-University of Zululand.

izoqhubeka kanjani ibhekane nezidingo zezitshudeni".

Mayelana nezinhlelo zomkhakha, uthe: "Lo mKhakha kudingeka ukuthi ugxile ekukhiqizeni othisha abanengi ezifundweni zesayensi, ezobuchwepheshe,

uyisikhathi sokuthi inyuvesi izibuke kabusha ngeso lokuthi ingena kuphi endimeni yezemfundo ephakeme. EmKhakheni wezobuCiko inhloso wukuzihlolisisa ukuthi kusho ukuthini ukuba yilo mkhakha. Iminyango yonke izoba nezinhlelo ezihlukene zalo mgubho. Izinqungquthela ezimbili ezizohlelwa yilo mkhakha zizothinta lo mgubho weminyaka ewu-60.

USolwazi Nokuthula Kunene, i-Dean yomKhakha wezeSayensi nezoLimo, uthe u-2020 kuzoba yisikhathi sokugubha izinto ezinkulu ezenziwe yilo mkhakha eminyakeni edlule.

"Lo mkhakha usudlondlobele usuka ekubhaliseni izitshudeni ezimbili ngonyaka zafinyelela kweziwu-3 698 ngo-2019. Sesaziwa izwe lonke ngokukhombisa ukuthi kuyenzeka ukuthi ushintshe izitshudeni zasemakhaya zibe yinyama efunwa ubuthaphuthaphu. Siyaziqhenya ngokukhiqiza abantu

abanjalo, siphakela eminye imikhakha nakuba sisendaweni esemakhaya. Kumanje sinabantu abafundisayo abaneziqo zobudokotela emikhakheni yabo okungenani abangamaphesenti awu-50. Ngakho sisho ngeqholo ukuthi yiminyaka ewu-60 ethele izithelo," kusho yena.

I-Dean yomKhakha wezoHwebo, ezokuPhatha nezoMthetho, uSolwazi Lorraine Greyling, ithe bazoxila ekubeni yindawo egxile ekucwaningeni ngokwenza ucwaningo oluhlomulisa umphakathi. Ukugubha iminyaka ewu-60, izisebenzi zakulomkhakha eziwu-62 ngasinye kulindeleke ukube zethule iphepha locwaningo engqungqutheleni yaminyaka yonke yalo mkhakha.

"Sethule nenhlangano yezitshudeni yosomabhizinisi abasafufusa, esihlose ngayo ukwenza izinhlelo eziningi zokucija izitshudeni ukuthi zibe neqhaza ekusimamiseni umnotho," kusho uSolwazi Greyling.

Ama-Research and Innovation Awards ayindlela yokuphucula ucwaningo

EMZAMWENI wokuthi izinga lihlale liphezulu kwizifundiswa nabacwaningi, i-University of Zululand (i-UNIZULU), ngeKomiti lezoCwaningo, ngoLwesithathu iklomelise izifundiswa ezenze umsebenzi wocwaningo oseziningeni eliphezulu ngo-2018 kuma-Research and Innovation Awards esithupha.

Lo mcimbi ubuse-Premier Hotel e-Richards Bay. Umcimbi ubuneminxa eyisithupha, obekuyi-Service and Development, i-Next Generation, i-Established Researchers, i-Departments, i-Special Categories, i-Research Entities (Chairs/RNAs/Centres) ne-Prestige Awards.

NgokwesiKhulu esisebenza ehhovisi loCwaningo u-Daniela Viljeon uthe inhloso enkulu yale miklomelo wukukhuthaza izisebenzi nokubonga ukuzinikela, ukuzikhandla nomqondo

oncomekayo abafundisayo abalokhu bewukhombisa emsebenzini wabo.

"Eminyakeni embalwa edlule sabona ukuthi abacwaningi baseNyuvesi basebenza kanzima. Babebhala amaphepha amaningi ocwaningo, bebheka namaphepha ocwaningo ezitshudeni kepha bengabongwa muntu. Emva kwaloko, saba nomhlangano lapho sadingida khona ukuthi yini esingayenza ukubajabulisa, babone ukuthi isikhungo siyawubona umsebenzi wabo omuhle," kusho yena.

U-Viljeon uthe kubhekwe amaphepha ocwaningo agxivizwe wumNyango wezeMfundo ePhakeme nashicilelwe ngonyaka wokufunda odlule, njengoba lo nyaka wokufunda ungakapheli.

Wengeze ngokuthi ikomiti labheka amaphepha ocwaningo; omcwaningi ngamunye, abheka

ukuthi unesikali esingakanani sesiphelele. Abacwaningi ababhekiwe yilabo abafinyelele esikalini esinqunyiwe kuphela esingamaphuzi, phecelezi units, awu-1.5.

UmNyango wezeMfundo ePhakeme iphepha lilinye ulinika iphuzu kodwa kuye ngokuthi libhalwe ngabantu abangaki. Iphepha elibhalwe ngokuhlanganyela lithola amaphuzo amancane, njengoba umbhali ethola iphuzu, isikali sababhali ababili sicazwa phakathi.

U-Viljeon uthe okokuqala ngqa emlandweni kunezisebenzi zasenyuvesi ezimbili eziklonyeliswe kabili ngezincwadi zazo.

Uphethe ngokuthi uchazekile ngokuthi ukusungulwa kwale miklomelo kuwukhuphule kangakanani umthamo wocwaningo, kwandisa nababhali kule minyaka edlule.



Umnyango we Politics and International Studies uklonyeliswe ngokuba umnyango ovelele ngokocwaningo kuma-Research Awards alo nyaka.

■ UKUGQUGQUZELEKA KABUSHA

■ UKUHLUMELA KABUSHA

■ UKUVUSELELEKA KABUSHA

■ UKUZIGQAJA NGOBU UNIZULU



Joyina ikhasi lethu kuFacebook uphinde usilandele kuTwitter

www.unizulu.ac.za

I  UNIZULU



UNIVERSITY OF ZULULAND
INYUVESI YAKWAZULU

Kuhlelwe kabusha
ukuhambisana nesimanje